



KWAZULU-NATAL PROVINCE  
KWAZULU-NATAL PROVINSIE  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

**Provincial Gazette • Provinsiale Koerant • Igazethi Yesifundazwe**

EXTRAORDINARY — BUITENGEWOON

*(Registered at the post office as a newspaper) • (As 'n nuusblad by die poskantoor geregistreer)*  
*(Irejistiwee njengephephandaba eposihhovisi)*


Vol: 16

PIETERMARITZBURG

7 JULY 2022  
7 JULIE 2022

No: 2429

**We all have the power to prevent AIDS**



**AIDS  
HELPLINE**

**0800 012 322**

DEPARTMENT OF HEALTH

**Prevention is the cure**

**N.B. The Government Printing Works will not be held responsible for the quality of "Hard Copies" or "Electronic Files" submitted for publication purposes**

ISSN 1994-4551



9 771994 455008



0 2 4 2 9

**IMPORTANT NOTICE:**

**THE GOVERNMENT PRINTING WORKS WILL NOT BE HELD RESPONSIBLE FOR ANY ERRORS THAT MIGHT OCCUR DUE TO THE SUBMISSION OF INCOMPLETE / INCORRECT / ILLEGIBLE COPY.**

**No FUTURE QUERIES WILL BE HANDLED IN CONNECTION WITH THE ABOVE.**

**Contents**

<i>No.</i>		<i>Gazette No.</i>	<i>Page No.</i>
<b>MUNICIPAL NOTICES • MUNISIPALE KENNISGEWINGS</b>			
187	Local Government: Municipal Property Rates Act, 2004: Resolution Levying Property Rates for the Financial Year 1 July 2022 to 30 June 2023 .....	2429	3

## MUNICIPAL NOTICES • MUNISIPALE KENNISGEWINGS

## MUNICIPAL NOTICE 187 OF 2022



# ETHEKWINI MUNICIPALITY

## OFFICE OF THE DEPUTY CITY MANAGER

## RESOLUTION LEVYING PROPERTY RATES

## FOR THE FINANCIAL YEAR 1 JULY 2022 TO 30 JUNE 2023

Notice is hereby given in terms of section 14(1) and (2) of the Local Government: Municipal Property Rates Act, 2004; that at its meeting of **7 June 2022**, the Council resolved by way of council resolution, to levy the rates on property reflected in the schedule below with effect from **1 July 2022**.

**1. DETERMINATION OF RATES**

In terms of Section 8 of the Local Government: Municipal Property Rates Act, 2004 read together with the eThekweni Municipal Rates Policy, as amended, and to be adopted with the current budget, the Municipality may levy different Rates for different categories of Property.

The proposed rate randage for the financial year 2022/2023, be revised as set out below and levied in respect of the following categories at:

CATEGORY OF PROPERTY	2022/23 Cents in the Rand	2023/24 Cents in the Rand	2024/25 Cents in the Rand
Agricultural	0.2959	0.3021	0.3057
Business & Commercial	2.9820	3.0445	3.0806
Outside Urban Development Line	1.9459	1.9867	2.0102
Industrial	3.8484	3.9291	3.9756
Public Service Infrastructure (PSI)	0.2959	0.3021	0.3057
Residential	1.1837	1.2085	1.2228
Unauthorised/ Abandoned/ Illegal Usage	23.6728	24.1693	24.4555
Vacant Land	11.7932	12.0406	12.1831
Sectional Title Registered Real Rights of extension	11.7932	12.0406	12.1831
Mining property	3.8484	3.9291	3.9756
Public Service Purpose (PSP)	2.9820	3.0445	3.0806
Public Benefit Activities (PBA)	0.2959	0.3021	0.3057

Multiple-Use Property will be dealt with in accordance with the Rates Policy.

## **2. Exemptions, Rebates and Reductions:**

That the following reductions on the market value of the property and rebates on the rates payable, be and are hereby granted in accordance with the Municipal Rates Policy.

### **2.1 Residential Property:**

That in addition to the statutory reduction of R15 000, a further reduction of R105 000 be and is hereby approved for property values exceeding R350 000.

#### **2.1.1 Indigent Households:**

- (i) That all residential properties with a market value of - R350 000 and less, as assigned in the valuation roll or supplementary valuation roll, be recognized as indigent households for the purposes of relief contemplated in the Indigent Policy and qualify for a 100% exemption from rates.
- (ii) That residential households with a property market value of R350 001 up to and including R650 000 of which the aggregate monthly household income is R3 970.00 or less, be eligible to apply for registration as an indigent household under the Indigent Policy. Provided that where an indigent owner owns multiple properties, any relief shall be restricted to the primary property of that owner for purposes of relief in terms of the Indigent Policy read with the Municipal Rates Property

#### **2.1.2 Senior Citizens, Disability Grantees / Medically Boarded Persons and Child Headed Households:**

- (i) That where a property is not exempt from rates in terms of 2.1.1 above, a rebate not exceeding **R5 290** or such lesser amount as may otherwise be payable, be and is hereby approved (in addition to the reduction stipulated in 2.1 above) for qualifying Senior Citizens, disability grantees / medically boarded persons and child headed households as defined in the rates policy.
- (ii) That it be and is hereby resolved to place a maximum limit of - R2.5 million on the value of the property, in order to qualify for the Senior Citizens rebate in (i) above.
- (iii) That it be and is hereby resolved that a rebate under Clause 7.2.2.4 of the rates policy may be granted to qualifying Senior Citizens who are trustees in a trust, notwithstanding that an independent professional person also holds office as a trustee and does not meet the qualifying criteria.
- (iv) That it be and is hereby resolved that, for the purposes of Clause 7.4.2.3 (Child Headed Households) of the Rates Policy and the rebate contemplated in (i) above, no threshold limit be imposed on the value of the property.

**2.1.3 Public Benefit Organisations:**

- (i) That on application and approval, only Public Benefit Organisations listed in Clause 7.5 of the Municipal Rates Policy 2022/2023 shall receive an exemption from rates.
- (ii) That it be recorded that Public Benefit Organisations that do not qualify for exemption from rates in terms of (i) above, shall be rated in accordance with the Municipal Property Rates Regulations on the Rate Ratio between Residential and Non-Residential Categories of Property published in Notice R195 dated 12 March 2010, namely at no more than 25% of the residential property rate-in-the-land. Expressed as a ratio in relation to residential property, this is 1:0,25.

**2.1.4 Life Rights Schemes and Retirement Complexes:**

That on application and approval, a 25% rebate be granted to qualifying Life Rights Schemes and Retirement Complexes registered in terms of the Housing Development Scheme for Retired Persons Act 65 of 1988.

**2.1.5 Schools Not for Gain:**

That a rebate of 50% be and is hereby granted to qualifying schools not for gain.

**2.1.6 Bed & Breakfasts Undertakings:**

That on application and approval a rebate of 35% be granted to all bed & breakfast establishments that satisfy the requirements of the Municipal Rates Policy, as amended.

**2.1.7 Back-Packer Lodges, Holiday Accommodation and Student Accommodation:**

- (i) That on application and approval, the following rebates shall apply to Back-packer establishments that satisfy the requirements of the Municipal Rates Policy, as amended:
  - a) Where up to 40 beds are available to guests, a rebate not exceeding 50% will apply.
  - b) Where up to 80 beds are available to guests, a rebate not exceeding 25% will apply.
- (ii) That on application and approval, property let out for the purposes of Holiday Accommodation, be granted a rebate of 64%.
- (iii) That on application and approval, property let out for the purposes of Student Accommodation, be granted a rebate of 25%.
- (iv) That the rebate for Student Accommodation be restricted to those properties that are located within areas identified in the Municipality's Land Use Scheme as being suitable for student accommodation. Where properties are owned by an Organ of State, the Organ of State must be registered as an institution of Higher Learning.

**2.1.8 Natural and Other Disasters:**

- (i) That properties that have been damaged by a natural disaster, as defined in terms of the Disaster Management Act, 2002 may be revalued provided an application is made within sixty (60) days from the date of such natural disaster.
- (ii) That on application and approval, a temporary rebate of 75% be granted in respect of property damaged by causes other than those defined by the Disaster Management Act, 2002, as contemplated in Clause 7.11.2 of the Municipal Rates Policy; for a period of six months or a portion thereof.
- (iii) That on application and approval, a further temporary rebate of 75% be granted thereafter in respect of property referred to in Clause 7.11.2 of the Municipal Rates Policy for a period not exceeding six months provided an application is made within forty-five (45) days prior to the expiry of the six-month period.
- (iv) That the rebate is granted on the category of property prior to damage.
- (v) That the Municipal Council may determine if a rebate is to be granted in relation to a disaster as envisaged in 7.11.7 of the Municipal Rates Policy. In this regard a special rebate be allowed.

**2.1.9 Vacant Land:**

That the reduction of R30 000 on the market value of Vacant Land located in the 'outside the Urban Development Line', as defined in the amended Rates Policy, be granted.

- (i) Properties in the Ownership of the Municipality or Municipal Entities or Held in Trust by the Municipality:
- (ii) That all municipal owned properties are exempted from property rates, except for Trading Services and municipal owned properties where the Municipality has entered into an agreement with any person, indicating otherwise.
- (iii) That a rebate of 63% be and is hereby granted to the International Convention Centre in respect of property rates payable to the Municipality.
- (iv) Properties held in trust in perpetuity by the Municipality in terms of a testamentary trust and where municipal officials hold letters of authority in terms of the Trust Property Control Act, 1988 (Act No.57 of 1988) are exempted from rates unless an agreement between the Municipality and any person specifies the contrary.

**2.1.10 Nature Reserves and Conservation Areas:**

That on application and approval:

- (i) Nature reserves and conservation areas shall be exempted from rates.
- (ii) The Council may grant a rebate or reduction up to 25% in respect of an environmentally sensitive land as identified in the Municipal Land Use Scheme.

**2.1.11 Economic Development:**

Economic Development Incentives applicable to valid and subsisting Rates Rebate Agreements concluded in the 2015-2016 to 2019-2020 financial years in accordance with Clauses 14.1-14.6 of the Rates Policy, as amended from time to time-

(i) Greenfield Developments in Priority Areas:

That all non-residential developments which are located in Priority Areas, shall continue to receive a rebate limited to the difference between the Vacant Land rate randage and that of the intended use of the developed land until such time as the respective Agreements expire by effluxion of time or are terminated.

(ii) Brownfield Developments in Priority Areas:

That all non-residential developments which are located in Priority Areas shall continue to receive a rebate based on the value of the development as per the table below until such time as the respective Agreements expire by effluxion of time or are terminated:

VALUE OF DEVELOPMENT R (MILLIONS)	PERCENTAGE REBATE ON RATES
0 - 50	15%
51 – 150	25%
151 – 300	50%
301 and above	65%

**2.1.12 Economic Development Investment Incentives Applicable 2022-2023:**

That subject to compliance with criteria contained in the Economic Development Incentive Policy read together, where applicable, with the Rates Policy, a rebate may be allowed for the following identified investment categories (i.e. Investment Value, Jobs Created, Targeted Sector, Spatial Priority). The rebate will be per property for greenfield and brownfield developments in commercial, industrial or multiple use developments.

The maximum rebate available will be the aggregate of the percentage rebates assigned to the qualifying criteria as set out in the table below:

CATEGORY	CRITERIA	INVESTMENT VALUE	MAXIMUM %AGE REBATE
<b>Investment Value</b>	New investment in any Industrial or Commercial or Mix Use Property Development.	R<1million – R299 million; or	10%
		>R300 million	20%
<b>Jobs Created</b>	FTE Jobs Created calculated post construction in new investment in any Sector for a fixed 3-year period.	All-inclusive values	
		• 50-250 jobs	10%
		• 251 jobs and above.	20%

CATEGORY	CRITERIA	INVESTMENT VALUE	MAXIMUM %AGE REBATE
<b>Targeted Sectors</b>	Investment in Targeted Sectors as defined in the Draft eThekweni Inclusive Growth Strategy 2021-2022 to 2026-2027.	All-inclusive values	40%
<b>Spatial Priority: Secondary Economic Nodes, Former Township Areas; Transit Oriented Development Nodes, Prime Investment Corridor, Urban Zones, Bespoke Inner City &amp; Surrounding areas and Density Nodes.</b>	Investment in Spatial Priority Area. As defined in the City's Spatial Development Plan & the eThekweni Inclusive Growth Strategy 2021-2022 to 2026-2027	All-inclusive values.	20%

- (i) The incentive policy will not be implemented retrospectively but rebates as stated herein will be implemented for a fixed 3-year period from date of approval or as approved from the date post construction. It is suggested that applicants submit an application early in the development cycle, allowing the Municipality to budget accordingly in anticipation of approval.
- (ii) The incentive is not available to residential property which has not been identified within the Density Strategy and the Inner-City LAP of the City.

#### **2.1.13 Special Rating Areas:**

- (i) That the existing Special Rating Areas as indicated in Annexure A be hereby noted.
- (ii) That in respect of the Special Rating Areas, additional rates, as indicated in Annexure A hereto, be approved and levied (subject to any exclusions or exemptions determined in the Municipal Rates Policy) in respect of each category of rateable property within the boundaries of the Special Rating Area.
- (iii) That it be noted that in accordance with Clause 9.2.1.3 of the Municipality's Rates Policy, the Additional Rate contemplated in terms of Section 22 of the Act may not exceed 25% of the municipal rates payable by the registered owner of a rateable property

#### **2.1.14 Consulates:**

That property owned by Consulates be valued and rates be raised and recovered from the Department of International Relations and Co-operation in terms of the Diplomatic Immunities and Privileges Act 2001 (Act 37 of 2001).



**2.1.15 Green Certified Buildings:**

The Green Building Incentives Policy was out for public participation in September 2021.

On application and approval by Municipal Council, all non-residential developments which fall within the City, as contemplated in the Green Building Incentive Policy of Council read together with the Municipal Rates Policy shall receive a rebate as set out below, for the 2022/2023 financial year:

**(a) GREEN STAR**

Certification	Description	Incentive/Prov	Responsib
6 Star	Mandatory: 6 Star rating, i.e., over 75 points, with a minimum of 14 points for ENE 1. Optional additional: 1. 6 points or more for the Socio-Economic Category, and/or 2. 3 points or more for the Innovation Category.	Rebate calculated on property rates tax payable: Mandatory: 35% reduction. Optional additional: 1. Additional 3%; and/or 2. Additional 2%.	Revenue Management Unit and Development Planning, Management and Environment Unit.
5 Star	Mandatory: 5 Star rating, i.e., between 60 and 74 points, with a minimum of 8 points for ENE 1. Optional additional: 1. 12 points or more for the Socio-Economic Category, and/or 2. 5 points or more for the Innovation Category.	Rebate calculated on property rates tax payable: Mandatory: 20% reduction. Optional additional: 1. Additional 6%; and/or 2. Additional 4%.	Revenue Management Unit and Development Planning, Management and Environment Unit.
4 Star	Mandatory: 4 Star rating, i.e., between 45 and 59 points, with a minimum of 4 points for ENE 1. Optional additional: 1. 12 points or more for the Socio-Economic Category.	Rebate calculated on property rates tax payable: Mandatory: 9% reduction. Optional additional: 1. Additional 6%	Revenue Management Unit and Development Planning, Management and Environment Unit.

**(b) EDGE:**

Certification	Description	Incentive/Provision	Responsibility
Edge	Mandatory: Residential buildings to achieve minimum 20% less energy use (than National Building Regulations), 20% less water use, and 20% less embodied energy in materials, as per the EDGE tool.	Rebate calculated on property rates tax payable: Mandatory: 35% reduction.	Revenue Management Unit and Development Planning, Management and Environment Unit.

**3. Phasing in of Rates:**

A rate levied on property belonging to a Land Reform Beneficiary or his or her heirs must, after ten years from the date on which such beneficiary's title was registered in the office of the Registrar of Deeds, be phased in over a period of three financial years.

**4. Threshold Values Determined in Terms of the Credit Control and Debt Collection Policy:**

- 4.1 That the threshold value determined in terms of Clause 6.5 with regards to the payments made by debit card or credit card be set at a maximum of R4500.00 per payment once a month;
- 4.2 That the percentage payable to employers where they deduct rates and or other municipal charges as per Clause 11.3 be set at 2.5% on the total amount deducted monthly;
- 4.3 That the property threshold for debt relief as per Clause 15.2(c) be set at R250 000.00 of the market value of the property as recorded in the Municipal Valuation Roll;
- 4.4 That the property value for the adjustment of water losses as per Clause 16.4 be set at R500 000.00;
- 4.5 That the property threshold for the prepayment recovery as per Clause 20.2 be set at R750 000.00.
- 4.6 That the property threshold value for which the Municipality will not attach the primary property for judgement debt as per Clause 22.3 be set at R350 000.00

**5. Date of Operation of Determination of Rates:**

That this determination comes into operation on 1 July 2022.

**6. Final Date for Payment of Rates:**

- 6.1 Where rates are payable in monthly instalments, such payments shall be in twelve (12) equal or near equal instalments payable 21 days from the date of account.
- 6.2 Where rates are payable annually the final date for payment shall be 31 October 2022, provided that where this date falls on a Sunday or public holiday payment shall occur on the last working day prior to such Sunday or public holiday.

**7. Administration Charge on Arrear Debts:**

That the administration charge on arrear debts as referred to in Clause 9.8 of the Credit Control and Debt Collection Policy is determined at 10%. Collection of arrear debts is in accordance with the Credit Control and Debt Collection Policy.

**8. Interest on Arrears:**

That the interest rate to be applied to arrear accounts with effect 1 July 2022, shall be the interest rate as prescribed by Regulation 9 of the Municipal Property Rates Regulations, 2006.

**ANNEXURE A – 2022/2023**

**ADDITIONAL RATES LEVIED ON SPECIAL RATING AREAS (2.1.13 REFER)**

Special Rating Areas	Residential	Business & Commercial	Industrial	Vacant Land	Agriculture	Unauthorised/abandoned	Public Service Infrastructure
a) Precincts bordered by Monty Naicker, Dorothy Nyembe, Anton Lembede and Dr Yusuf Dadoo Streets. (CBD Precinct)	0,001265	0,002868	0	0	0	0	0
b) Precinct bordered by Soldiers Way, Dr AB Xuma Road, Florence Nzama Street and Bram Fischer Road. (North East Business Precinct)	0	0,000553	0,000714	0,001094	0	0	0
c) Precinct bordered by Dorothy Nyembe Street, Margaret Mncadi Avenue, Beach Walk and Anton Lembede Street. (North East Business Precinct)	0	0,000553	0,000714	0,001094	0	0	0
d) Precinct bordered by Soldiers Way, Bram Fischer Road, Sylvester Ntuli, KE Masinga and Archie Gumede (Place) Roads. (North East Business Precinct)		0,000553	0,000714	0,001094	0	0	0
e) Precinct bordered by OR Tambo Parade, Dr Pixley KaSeme Street Mall, Rutherford and Gillespie Streets (South Beach Precinct).	0,002185	0,004954	0	0,009797	0	0	0
f) Umhlanga Promenade Precinct bordered by Ocean Way (South), Lot 430 (North), Lagoon Drive (West) and the Indian Ocean (East).	0,00091	0,002063	0	0,00408	0	0	0
g) Precinct bordered by Burlington Road, Burlington Drive, Nagel Road, Windsor Road, Midmar Road and Henley Road.	0,0031	0,007029	0	0,0139	0	0	0
h) Umhlanga Village Precinct bordered by Flamingo Lane, Ocean Way, Lagoon Drive, McCauland Crescent, Weaver Crescent and the Ruth First Highway.	0	0,002865	0	0	0	0	0
i) Giba Gorge bordered by N3 Highway (South), Reservoir Road, Jan Smuts Avenue, Galloway Lane, Mounbatten Place, Alexander Drive, King Cetshwayo Highway (East), Portion 157 of Clifton (North) to Saint Helier Road (West)	0,000428	0	0	0,00192	0,000107	0	0

Special Rating Areas	Residential	Business & Commercial	Industrial	Vacant Land	Agriculture	Unauthorised/abandoned	Public Service Infrastructure
j) Maytime Community bordered by M13 Highway, Woodside Avenue, Haygarth Road, Abrey Road, Msonti, Quilhall Lane, Alexander Avenue, Mtonbi and Victory Road.	0,002467	0,005594	0	0,011062	0	0	0
k) Area consisting of the length of Florida Road, from Lillian Road to Mitchell's Park, including properties on both sides of Florida Road.		0,007928	0	0	0	0	0
l) Westville Perth West Area bounded by Glencaim Close in the West, Stanley Teale Road in the South, Robert Herrick Avenue in the North and the eastern boundary consisting of Linford Place and Drayton Place in Westville	0,003225		0	0,003225		0	0
m) Glenwood area bounded by Helen Joseph Road, King Dinuzulu Road, Berea Road, Turners Avenue, Che Guevara Road, Moore Road, Clark Road and Bulwer Road.		0,004289	0,005535	0		0	0



# ETHEKWINI MUNICIPALITY

Office of the Deputy City Manager:  
TREASURY

ISINQUMO SOKUBIZWA KWAMA-RATE ONYAKA WEZIMALI OQALA NGO-1 JULAYI  
2022 UPHELE NGO-30 JUNI 2023

Lesi yisaziso sokuthi mhla ziyi-7 kuJuni 2022 uMkhandlu kaMasipala weTheku wathatha isinqumo ngaphansi kweSigaba 14(1) no(2) zomthetho iLocal Government: Municipal Property Rates Act, yowezi-2004 sokunqunywa kwama-rate azokhokhelwa imizi/izakhiwo ezibalulwe kule sheduli elapha ngenzansi:

## 1. UKUNQUNYWA KWAMA-RATE

NgokweSigaba 8 somthetho iLocal Government: Municipal Property rates Act, yowezi-2004 sifundwa noMnqubomgomo wama-rate kaMasipala weTheku, kanjengoba uchitshiyelwe, futhi ozophasiswa nesabelomali salo nyaka wezimali, uMasipala ungabiza ama-rate angafani maqondana nemikhakha eyehlukene yezindawo noma yezakhiwo.

Ukuthi isilinganiso esihlongozwayo erandini kulo nyaka wezimali ka-2022/2023 sibuyekezwe sinqunywe kanje kule mikhakha yezakhiwo:

Umkhakha wesakhiwo	Amasenti eRandini ngo-2022/23	Amasenti eRandini ngo-2023/24	Amasenti eRandini ngo-2024/25
Owolimo	0.2959	0.3021	0.3057
Amabhezini nezindawo zohwebo	2.9820	3.0445	3.0806
Izakhiwo ezisendaweni engale komngcele wendawo ehlinzekwe ngezidingo	1.9459	1.9867	2.0102
Izimboni	3.8484	3.9291	3.9756
Inggalasizinda kahulumeni	0.2959	0.3021	0.3057
Imizi	1.1837	1.2085	1.2228
Izakhiwo ezingagunyaziwe noma ezingekho emthethweni/ezishiywe ngabanikazi	23.6728	24.1693	24.4555
Umdlaba ongakhiwe	11.7932	12.0406	12.1831
Amalungelo atholakala ngama-sectional title	11.7932	12.0406	12.1831
Izakhiwo/umhlaba womsebenzi wezimayini	3.8484	3.9291	3.9756
Izakhiwo/umhlaba osetshenziswa uhulumeni	2.9820	3.0445	3.0806
Izakhiwo/umhlaba osetshenziselwa ukusiza umphakathi	0.2959	0.3021	0.3057

Udaba lwezakhiwo ezisetshenziselwa izinto ezixubiLe luzobhekwa kanjengokuyalela kwenqubomgomo yama-rate.

## **2. Ukuxegiselwa isibopho sokukhokha, izaphulelo nokwehliselwa:**

Lezi zaphulelo ezilandelayo emananini lezi zakhiwo ebezingadayiswa ngawo kanye nokuxegiselwa kuma-rates, ngaphansi kwenqubomgomo yama-rates kuzoma kanje:

### **2.1 Imizi**

Ukuthi maqondana nemizi, ngaphezulu kwesaphulelo sika-R15 000, kuyavunywa ukuthi kuphinde kube nesaphulelo sika-R105 000 maqondana naleyo mizi enani layo lingaphezulu kuka-R350 000.

#### **2.1.1 Imizi yabaswele**

- (i) Ukuthi yonke imizi enani layo lingu-R350 000 nangaphansi ohlwini lokuklanywa kwamanani ezakhiwo noma isengezo salo, ayithathwe njengemizi yabaswele echazwe kwinqubomgomo yokubhekelela abaswele bese yethulwa wonke umthwalo wokukhokha ama-rate.
- (ii) Ngaphezu kwalokhu, yonke imizi enani layo lingu-R350 001 kuya ku-R650 000 noma ngaphansi imali engenayo kuyona ngenyanga engu-R3 970.00 noma ngaphansi nayo ivumeleke ukuba ibhaliswe njengemizi yabaswele ngaphansi kwale nqubomgomo. Ngaphansi kombandela wokuthi lapho umnikazi enemizi engaphezulu kowodwa, noma yikuphi ukuxegiselwa ngaphansi kwale nqubomgomo kanye nomthetho iMunicipal Property Rates Act kwenziwe maqondana nalowo muzi okuyiwona ahlala kuwona kuphela lowo mnikazi.

#### **2.1.2 Asebekhulile/Abahola impesheni yokukhubazeka/abanikwe umhlalaphansi ngenxa yokugula kanve nemizi ephethwe vizingane:**

- (i) Ukuthi lapho umuzi ungathulwanga isibopho sokukhokha ama-rates ngokuka 2.1.1 ngaphezulu, isaphulelo esingeqi ku-R5 290 noma esinye isaphulelo esingaphansi obekufanele sikhokhwe, manje siyavunywa (ngaphezu kokuxegiselwa okukhulunywa ngakho ku-2.1 ngenhla) maqondana nabafanelekile abahola impesheni yokuguga, abahola impesheni yokugula/yokukhubazeka noma labo abanikwe umhlalaphansi ngenxa yokugula kanye nemizi ephethwe yizingane njengoba ichaziwe kwinqubomgomo yama-rate.
- (ii) Ukuthi kuyanqunywa ukuthi kubekwe umkhawulo wezigidi ezimbili nesigamu zamaRandi (R2.5 million) enanini lomuzi ukuze umnikazi athole lesi saphulelo esenzelwe abadala esishiwo ku-(i) ngaphezulu.

- (iii) Ukuthi kuyanqunywa ukuthi isaphulelo ngaphansi kwesigatshana 7.2.2.4 singanikezwa asebekhulile abanelisa izidingo abangamalungu ethrasti, yize noma engaba khona umuntu ozimele naye oyilungu lethrasti kodwa ongazanelisi izidingo zokufaneleka maqondana nokunikwa lesi saphulelo.
- (iv) Ukuthi kuyanqunywa ukuthi, ngenhloso yesigatshana 7.4.2.3 (Imizi ephethwe yizingane) ngaphansi kwenqubomgomo yama-rate kanye nesaphulelo okukhulunywe ngaso ku-(i) ngaphezulu, kungabekwa mkhawulo mayelana nenani lomuzi.

### **2.1.3 Izinhlango ezisiza umphakathi:**

- (i) Ukuthi emva kokufaka izicelo, zavunywa, izinhlango ezisiza umphakathi ezisohleni olusendimeni 7.5 kwinqubomgomo yama-rate kaMasipala ka-2022/2023 zingawakhokhiswa ama-rate.
- (ii) Ukuthi kuqoshwe phansi ukuthi izinhlango ezisiza umphakathi ezingazanelisi izidingo zokuxegiselwa isibopho sokukhokha ama-rate ngokuka-(i) ngaphezulu, zibizwe ama-rate ngokwemithethonqubo yama-rate ngesilinganiso esiphakathi kwawemizi nokungewona awemizi esashicilelwa eSazisweni No. R195 somhla ziyishumi nambili kuMashi 2010, esinquma ukuthi angabi ngaphezu kuka-25% wama-rate abizwa imizi erandini, isibalo saso esingu: 1:0,25.

### **2.1.4 Izinhlelo zamalungelo okuphila namakhaya asebethathe umhlalaphansi:**

Ukuthi emva kokufaka izicelo, zavunywa, izinhlelo zamalungelo okuphila namakhaya asebethathe umhlalaphansi abhalise ngaphansi komthetho iHousing Development Scheme for Retired Persons Act 65 ka-1988 behliselwe ngo-25%.

### **2.1.5 Izikole ezingenzi inzuzo:**

Ukuthi izikole ezingenzi inzuzo eanelisa izidingo ezibekiwe zinikwe isaphulelo sika-50%.

### **2.1.6 Ama-Bed & Breakfast:**

Ukuthi emva kokufaka izicelo, zavunywa, zonke izindawo ezingama-Bed & Breakfast ezinelisa zonke izimfuno zenqubomgomo yama-rates njengoba ichitshiyelwe zithole isaphulelo sika-35%.

### **2.1.7 Ama-Back-Packer Lodges, Izindawo zokuhlala ngamaholide nezindawo zokuhlalisa abafundi**

- (i) Ukuthi emva kokufaka izicelo, zavunywa, kusebenze lezi zaphulelo ezilandelayo maqondana nezindawo ezingama-Back-Packer ezinelisa zonke izimfuno zenqubomgomo yama-rates njengalokhu ichitshiyelwe:
  - a) Lapho kunemibhede yokulala izivakashi engeqile kwengamashumi amane (40), indawo ithole isaphulelo esingeqile ku-50%;

- b) Lapho kunemibhede yokulala izivakashi engeqile kwengamashumi ayisishiyagalombili (80), indawo ithole isaphulelo esingeqile ku-25%.
- (ii) Ukuthi emva kokufaka isicelo, savunywa, kusebenze isaphulelo sika-64% maqondana nezindawo eziqashiselwa abasemaholidini;
- (iii) Ukuthi emva kokufaka isicelo, savunywa, kusebenze isaphulelo sika-25% maqondana nezindawo zokuhlalisa abafundi.
- (iv) Ukuthi isaphulelo ezindaweni zokuhlalisa abafundi sigcine kulezo zakhiwo ezisezindaweni ezisohlelweni lukaMasipala lokuthuthukiswa kwezindawo njengalezo ezikufanele ukuhlalisa abafundi. Lapho indawo kungeyesakhiwo noma umnyango kahulumeni, lesi sakhiwo noma lowo mnyango kumele ubhaliswe njengesikhungo semfundo ephakeme.

### **2.1.8 Izbhicongo zemvelo nezinye izibhicongo**

- (i) Ukuthi izakhiwo ezilinyazwe yizehlakalo zemvelo, njengokuba zichaziwe ngaphansi koMthetho iDisaster Management Act, 2002 amanani azo angabuyekezwa, kwencike ekwenziweni kwesicelo zingakapheli izinsuku ezingamashumi ayisithupha (60) kusukela ngosuku lwaleso sehlakalo zemvelo.
- (ii) Ukuthi emva kokufakwa kwezicelo, zavunywa, izakhiwo ezilinyazwe okunye okungekona lokho okuchazwe kuDisaster Management Act, 2002, kanjengoba kuchaziwe kwindima 7.11.2 yenqubomgomo yama-rate zinikwe isaphulelo sesikhashana sika-75% isikhathi esiyizinyanga eziyisithupha noma ingxenye yaleso sikhathi.
- (iii) Ukuthi emva kokufakwa kwezicelo, zavunywa, lezi zakhiwo ziphinde zinikwe esinye isaphulelo sesikhashana sika-75% njengalokhu kuchaziwe ku-7.11.2 wenqubomgomo yama-rates isikhathi esingeke seqe ezinyangeni eziyisithupha inqobo uma lesi sicelo senziwe zingakapheli izinsuku ezingamashumi amane nanhlanu (45) ngaphambi kokuphela kwezinyanga eziyisithupha.
- (iv) Ukuthi lesi saphulelo sinikezwe maqondana nomkhakha wesakhiwo ngaphambi kokuba silimale.
- (v) Ukuthi uMkhandlu unganquma ukuthi isaphulelo sinikezwe maqondana nesibhicongo njengalokhu kuchaziwe ku-7.11.7 wenqubomgomo yama-rates. Maqondana nalokhu sivunywe isaphulelo.

### **2.1.9 Umhlaba ongakhiwe:**

Ukuthi kunikezwe isaphulelo sika-R30 000 enanini umhlaba ongakhiwe ongayiswa ngalo endaweni engale komngcele wendawo ehlinzekwe ngezidingo zikaMasipala kanjengoba ichaziwe kwinqubomgomo yama-rate echitshiyelwe.

### **2.1.10 Izakhiwo/umhlaba kaMasipala noma wezinhlaka zikaMasipala noma ophethwe uMasipala ewuphathele umnikazi**



- (i) Ukuthi wonke umhlaba kuMasipala ungakhokhiswa ama-rate, ngaphandle kwemisebenzi yohwebo kanye nomhlaba nezakhiwo zikaMasipala lapho uMasipala enze khona isivumelwano nomunye umuntu, esisho okwahlukile kulokhu.
- (ii) Ukuthi isaphulelo sika-63% siyaphasiswa maqondana nama-rate i-International Convention Centre okufanele iwakhokhele uMasipala.
- (iii) Ukuthi izakhiwo noma imihlaba ephethwe uMasipala ngaphansi kwe-trust ngesivumelwano saphakade futhi lapho iziphathimandla zikaMasipala kuyizona ezinencwadi yegunya ngaphansi komthetho iTrust Property Control Act, ka-1988 (uMthetho no. 57 ka-1988) lowo mhlaba ungakhokhiswa ama-rate ngaphandle uma kunesivumelwano phakathi kukaMasipala nanoma ubani esisho okwehlukile kulokhu.

### **2.1.11 Iziqiwu nezindawo zokongiwa kwemvelo**

Ukuthi emva kokufakwa kwezicelo, zavunywa:

- (i) Iziqiwu nezindawo zokongiwa kwemvelo zingakhokhiswa ama-rates.
- (ii) UMkhandlu ungakwazi ukuthi uxegise ama-rate okufanele akhokhwe ngesilinganiso esingekwe seqe ku-25% maqondana nomhlaba onemvelo ezweleyo noma esengcupheni ehlonzwe kusomqulu kaMasipala wokusetshenziswa komhlaba.

### **2.1.12 Ukuthuthukiswa komnotho**

Okukukhuthaza ukuthuthukiswa komnotho okusebenzayo maqondana nezivumelwano zokuxegiselwa isibopho sokukhokha ama-rate ezenziwa eminyakeni yezimali ka-2015-2016 kuya ku-2019-2020 ngaphansi kwemibandela yeNdima 14.1-14.6 yenqubomgomo yama-rate, njengokuba ichitshiyelwe-

- (i) Intuthuko yohlobo olubizwa nge-Greenfield Development ezindaweni ezihlonziwe ezibekwe eqhulwini:

Ukuthi yonke intuthuko engeyona eyendawo yokuhlala ezindaweni ezihlonziwe ezibekwe eqhulwini, kanjengoba zichazwe kwinqubomgomo yokukhuthaza intuthuko, zizoqhubeka nokuthola isaphulelo esingeqile kumahluko ophakathi kwesilinganiso erandini somhlaba ongakhiwe kanye naleso salokho okuhloswe ukuba lowo mhlaba usetshenziselwe kona kuze kufike isikhathi lapho lezi zivumelwano sipheliswa yisikhathi noma zinqanyulwa.

- (ii) Intuthuko yohlobo olubizwa nge-Brownfield Development ezindaweni ezihlonziwe ezibekwe eqhulwini:

Ukuthi yonke intuthuko engeyona eyendawo yokuhlala ezindaweni ezihlonziwe ezibekwe eqhulwini, kanjengoba zichazwe kwinqubomgomo yokukhuthaza

ukuthuthukiswa komnotho, zizoqhubeka nokuthola isaphulelo esibalwa ngenani lentuthuko kanjengoba kukhonjisiwe kuleli thebula elilandelayo kuze kufike isikhathi lapho lezi zivumelwano ziphelelwa yisikhathi noma zinqanyulwa:

INANI LENTUTHUKO R (MILLIONS)	ISAPHULELO ENTELENI EKHOKHWAYO NGAMAPHESENTI
0 - 50	15%
51 - 150	25%
151 - 300	50%
301 nangaphezulu	65%

### 2.1.13 Okuyisipesheli kokukhuthaza utshalomali 2022-2023:

Ukuthi kweyame ekuhlangabezaneni nezidingo ezibekwe kwinqumbomgomo yokukhuthaza ukuthuthukiswa komnotho, ifundwa, lapho kufanele khona, nenqumbomgomo yama-rate, isaphulelo singavunyelwa kulezi zigaba ezilandelayo zotshalomali (okungamanani okutshala imali, imisebenzi edaliwe, imikhakha eqondiwe, ukubekwa eqhulwini kwezindawo). Isaphulelo kuzoba esendawo ngayinye ekwi-greenfield ne-brownfield ezindaweni zohwebo, izimboni kanye nalezo ezisetshenziselwa imisebenzi eminingi.

Isaphulelo esiphezulu kunazo zonke esihlangavunywa sesihlangene yisibalo esiphakathi samaphesenti akhe lokhu okubhekwayo okukuleli thebula elilandelayo:

UHLOBO	OKUBHEKWAYO	INANI LOTSHALOMALI	IPHESENTI ELIPHEZULU LESAPHULELO
<b>Inani lotshalomali</b>	Utshalomali olusha ekwakhiweni kwanoma yisiphi isakhiwo semboni noma sebhizinisi noma sokuxubile	R < 1 million - R299 million; noma	10%
		>R300 million	20%
<b>Imisebenzi edaliwe</b>	Imisebenzi edaliwe ngemuva kokuphuthulwa komsebenzi wokwakha kunoma yiluphi utshalomali kunoma yimuphi umkhakha iminyaka emithathu.	Sekubalwe konke	
		• Imisebenzi engu-50-250	10%
		• Imisebenzi engama 251 nangaphezulu	20%

<b>Imikhakha eqondiwe</b>	Utshalomali emikhakheni eqondiwe kanjengoba ichaziwe embhalweni wesu likaMasipala lokukhuliswa komnotho lika-2021-2022 kuya 2026-2027	Sekubalwe konke	40%
<b>Ukubekwa eqhulwini kwezindawo:</b>  <b>Izindawo ezihlonzelwe intuthuko, ezazingamalokishi; ezolindela, nezenzelwe ukukhuthaza intuthuko enkabeni yedolobha naseduzane kwayo.</b>	Utshalomali ezindaweni eziseqhulwini njengoba kuchaziwe kwipulani kaMasipala yokuthuthukiswa kwezindawo kanye nesu lokuthuthukiswa komnotho lika-2021-2022 kuya 2026-2027	Sekubalwe konke	20%

- (i) Le nqubomgomo yokukhuthaza utshalomali ngeke isetshenziswe ngendlela ebhekelela nesikhathi esesidlulile kepha konke ukuxegiselwa okukhulunywa ngakho lapha kuzosebenza iminyaka emithathu kusukela ngosuku okuvunywe ngalo. Kuphakanyiswa ukuba abafaka izicelo basheshe bakwenze lokho ukuze uMasipala akwazi ukufaka ukuxegiselwa kwabo ezibalweni zesabelomali sakhe sonyaka.
- (ii) Le nqubomgomo ngeke isebenze maqondana nezakhiwo zokuhlala ezingahlonziwe njengengxenye yesu likaMasipala lokukhuthaza izakhiwo ezindaweni ezithile.

**2.1.14 Izindawo ezikhokha ama-rate ayisipesheli**

- (i) Ukuthi izindawo ezizokhokha ama-rate ayisipesheli kanjengoba zishiwo kwiSengezo A ziyaqashelwa.
- (ii) Ukuthi maqondana nalezi zindawo ezikhokha ama-rate ayisipesheli ama-rate engeziwe kanjengoba kukhonjisiwe kwiSengezo A ayavunywa futhi ayabizwa (ngaphandle kwanoma yiziphi ezingakhishwa kulokhu kugunyazwa kanjengoba kuchaziwe kwinqubomgomo yama-rate) maqondana nomkhakha ngamunye wesakhiwo esingaphakathi kwemingcele yendawo ekhokha ama-rate ayisipesheli.
- (iii) Ukuthi maqondana nezinhloso zeNdima 9.2.1.3 yenqubomgomo yama-rate , ama-rate engeziwe okukhulunywa ngawo eSigabeni 22 soMthetho ngeke eqa ku-25% wama-rate kaMasipala okufanele akhokhwe umnikazi isakhiwo noma umhlaba obhaliswe egameni lakhe.

### 2.1.15 Izakhiwo zamanxusa

Ukuthi izakhiwo zamanxusa amazwe angaphandle ziklanywe amanani bese kuthi ama-rate azo abizwe eMnyangweni Wezobuhlobo Nokubambisana Namazwe Angaphandle ngaphansi komthetho iDiplomatic Immunities and Privileges Act, 2001 (uMthetho 37 ka-2001).

### 2.1.16 Izakhiwo ezibizwa ngama-Green Certified Building

Inqubomgomo ebizwa nge-Green Building Incentives Policy yashicilelwa ukuze umphakathi uphawule ngayo ngoSeptemba 2021.

Emuva kokuba kufakwe isicelo futhi uMkhandlu wasamukela leso sicelo, zonke izakhiwo ezikuMasipala okungezona ezokuhlala, njengoba kushiwo kwiNqubomgomo ebizwa nge-Green Building Incentives Policy yoMkhandlu ifundwa neNqubomgomo yama-rate zizothola izaphulelo ngale ndlela engezansi onyakeni wezimali ka-2022/2023:

#### (a) I-GREEN STAR

Isitifiketi	Incazelo	Isaphulelo	Iminyango ethintekayo
6 Star	Okuwumgomo: Isitifiketi sezinkanyezi eziwu-6, okungamaphuzu angaphezulu kuka-75, angabi ngaphansi kuka-14 awe-ENE 1. Okunye kokwengeza: 1. 6 wamaphuzu noma ngaphezulu emkhakheni wenhlalakahle nesimomnotho somphakathi, kanye/noma 2. 3 wamaphuzu noma ngaphezulu emkhakheni wezindlela ezintsha zokwenza izinto.	Isaphulelo sibalwa ngentela yesakhiwo okufanele ikhokhwe: Okuwumgomo: 35% wesaphulelo. Okunye kokwengeza: 1. Okokwengeza 3%; kanye/noma 2. Okokwengeza 2%.	Revenue Management Unit kanye ne-Development Planning, Management & Environment Unit.
5 Star	Okuwumgomo: Isitifiketi sezinkanyezi eziwu-5, okungamaphuzu aphakathi kuka 60 no-74, angabi ngaphansi kuka-8 awe-ENE 1. Okunye kokwengeza: 1. 12 wamaphuzu noma ngaphezulu emkhakheni wenhlalakahle nesimomnotho somphakathi, kanye/noma	Isaphulelo sibalwa ngentela yesakhiwo okufanele ikhokhwe: Okuwumgomo: 20% wesaphulelo. Okunye kokwengeza: 1. Okokwengeza 6%; kanye/noma 2. Okokwengeza 4%.	Revenue Management Unit kanye ne-Development Planning, Management & Environment Unit.

	2. 5 wamaphuzu noma ngaphezulu emkhakheni wezindlela ezintsha zokwenza izinto.		
4 Star	Okuwumgomo: Isitifiketi sezinkanyezi eziwu-4, okungamaphuzu aphakathi kuka 45 no-59, angabi ngaphansi kuka-4 awe-ENE 1. Okunye kokwengeza: 1. 12 wamaphuzu noma ngaphezulu emkhakheni wenhlalakahle nesimomnotho somphakathi.	Isaphulelo sibalwa ngentela yesakhiwo okufanele ikhokhwe: Okuwumgomo: 9% wesaphulelo. Okunye kokwengeza: 1. 6% wokwengeza	Revenue Management Unit kanye ne-Development Planning, Management & Environment Unit.

**(b) I-EDGE**

Isitifiketi	Incazelo	Isaphulelo	Iminyango ethintekayo
Edge	Okuwumgomo: Izakhiwo zokuhlala kufanele ugesi eziwusebenzisayo wehle ngo-20% noma ngaphezulu (ngaphansi komgomo wemithethonqubo yezokwakha kazwelonke), amanzi anciphe ngo-20%, nempahla okwakhiwe ngayo inciphe ngo-20%, njangokukhomba kwethuluzi le-EDGE.	Isaphulelo sibalwa ngentela yesakhiwo okufanele ikhokhwe: Okuwumgomo: 35% wesaphulelo.	Revenue Management Unit kanye ne-Development Planning, Management & Environment Unit.

**3. Ukuqala ukusebenza kwama-rates ngezikhawu**

Ukuthi ama-rate omhlaba womuntu owuthole ngaphansi kohlelo lokubuyiselwa kwamalungelo omhlaba noma otholwe yizindlalifa zakhe, kufanele, emva kweminyaka eyishumi kusukela osukwini okwabhaliswa ngalo itayitela lalowo mhlaba egameni lalowo muntu ehhovisi okubhaliswa kulona amatayitela obunikazi bomhlaba, afakwe kancane kancane iminyaka yezimali emithathu elandelayo.

**4. Amanani okungeke kweqiwa kuwona anqunye ngokwenqubomgo kaMasipala yokulawula nokuqoqa iizkweletu:**

- 4.1 Ukuthi amanani okungeke kweqiwa kuwona anqunywe ngokweNdima 6.5 maqondana nenkokhelo eyenziwa nge-debit card noma nge-credit card ingeqi ku-R4500 ngenkokhelo ngayinye kanye ngenyanga;
- 4.2 Ukuthi imali ekhokhelwa abaqashi lapho bebamba khona imali yama-rate noma enye inkokhelo kamasipala ngaphansi kweNdima 11.3 ingeqi ku-2.5% wayo yonke imali ebanjwayo ngenyanga;
- 4.3 Ukuthi inani lesakhiwo maqondana nokuxegiselwa isikweletu ngaphansi kweNdima 15.2(c) igcine kuR250 000.00 wenani lomuzi kanjengoba liqoshwe ohlwini lokuklanywa kwamanani ezakhiwo lukaMasipala;
- 4.4 Ukuthi inani lesakhiwo maqondana nokubalela ukulahlekelwa amanzi njengoba kubekiwe kwiNdima 16.4 libe u-R500 000.00;
- 4.5 Ukuthi inani lomuzi okugcinwa kulona maqondana nokubizwa kwenkokhelo okufanele iqale ikhokhwe njengokusho kweNdima 20.2 libe u-R750 000.00;
- 4.6 Ukuthi inani lomuzi/lesakhiwo okungeke kweqiwa kulona maqondana nalapho uMasipala kudingeka adle umuzi ukuze akhokheleke isikweletu sakhe njengoba kushiwo eNdimeni 22.3 libe u-R350 000.00.

**5. Usuku okuzoqala ngalo ukusebenza kwama-rate anqunywe lapha**

Ama-rates anqunywe lapha azoqala ukusebenza mhla ka-1 Julayi 2022.

**6. Usuku lokugcina lokukhokha ama-rate:**

- 6.1 Lapho ama-rate ekhokhwa kancane kancane ngenyanga, lokho kukhokha kuyokuba amancozuncozu ayishumi nambili (12) alinganayo noma acishe alingane okufanele akhokhwe zingakapheli izinsuku ezingama-21 kusukela osukwini lwe-akhawunti.
- 6.2 Lapho ama-rate ekhokhwa ngonyaka usuku lokugcina lokukhokha umhla ka 31 Okthoba 2022, ngaphansi kombandela wokuthi uma kwenzeka lolu suku luba ngeSonto noma ngehohide, inkokhelo iyokwenziwa ngosuku lokugcina lokusebenza, ngaphambi kwalelo Sonto noma ihohide.

**7. Imali ekhokhwa abasilele emuva nokukhokhela isikweletu sama-rate:**

Ukuthi imali yezindleko ekhokhiswa abasilele emuva nokukhokhela isikweletu sama-rate okukhulunywa ngayo eSigabeni 9.8 senqubomgomo yokulawula nokuqoqa izikweletu inqunywe yaba u-10%. Ukuqoqwa kwemali ekweletwayo kuzoba kanjengokulawula kwenqubomgomo kaMasipala eyaphasiswa yokulawula nokuqoqa izikweletu.

**8. Inzalo ezikweletini**

Ukuthi inzalo ezofakwa kuma-akhawunti asilele emuva nokukhokhelwa kusukela mhla ka 1 Julayi 2022 kuzoba yileyo enqunywe nguMthethonqubo 9 ngaphansi kwemithethonqubo ebizwa nge-Municipal Property Rates Regulations, ka-2006.

## ISENGEZO A – 2022/2023

**AMA-RATE OKWENGEZA AKHOKHWA EZINDAWENI EZIBIZWA AMA-RATE  
AYISIPESHELI (FUNDA U-2.1.13)**

Izindawo ezibizwa ama-rate ayisipesheli	Imizi	Amabhizinisi nohwebo	Izimboni	Umhlaba ongakhiwe	Owolimo	Ongagunyaziwe/ Oshiywe wodwa	Inggqalasizinda yomphakathi
a) Indawo ezungezwe uMonty Naicker, Dorothy Nyembe, Anton Lembede no-Dr Yusuf Dadoo Streets (Enkabeni yedolobha).	0,001265	0,002868	0	0	0	0	0
b) Indawo ezungezwe uSoldiers Way, Dr AB Xuma Road, Florence Nzama Street no-Bram Fischer Road (Endaweni yamabhizinisi eseNyakatho-Mpumalanga).	0	0,000553	0,000714	0,001094	0	0	0
c) Indawo ezungezwe uDorothy Nyembe Street, Margaret Mncadi Avenue, Beach Walk no-Anton Lembede Street (Endaweni yamabhizinisi eseNyakatho-Mpumalanga).	0	0,000553	0,000714	0,001094	0	0	0
d) Indawo ezungezwe uSoldiers Way, Bram Fischer Road, Sylvester Ntuli, KE Masinga no-Archie Gumede (Place) Roads (Endaweni yamabhizinisi eseNyakatho-Mpumalanga).	0	0,000553	0,000714	0,001094	0	0	0
e) Indawo ezungezwe u-OR Tambo Parade, Dr Pixley KaSeme Street Mall, Rutherford no-Gillespie Streets (Indawo yaseSouth Beach).	0,002185	0,004954	0	0,009797	0	0	0
f) Umhlaba Promenade Precinct ozungezwe u-Ocean Way (ngaseNingizimu), Lot 430 (ngaseNyakatho), Lagoon Drive (ngaseNtshonalanga) nolwandle (ngaseMpumalanga).	0,00091	0,002063	0	0,00408	0	0	0
g) Indawo ezungezwe uBurlington Road, Burlington Drive, Nagel Road, Windsor Road, Midmar Road no-Henley Road.	0,0031	0,007029	0	0,0139	0	0	0



h) Umhlanga Village ozungezwe u-Flamingo Lane, Ocean Way, Lagoon Drive, McCauland Crescent, Weaver Crescent no-Ruth First Highway.	0	0,002865	0	0	0	0	0
i) Giba Gorge ezungezwe u-N3 Highway (ngaseNingizimu), Reservoir Road, Jan Smuts Avenue, Galloway Lane, Mountbatten Place, Alexander Drive, King Cetshwayo Highway (ngaseMpumalanga), Portion 157 kaClifton (ngaseNyakatho) kuya kuSaint Helier Road (ngaseNtshonalanga).	0,000428	0	0	0,00192	0,000107	0	0
j) UMaytime Community ozungezwe u-M13 Highway, Woodside Avenue, Haygarth Road, Abrey Road, Msonti, Quilhall Lane, Alexander Avenue, Mtonbi no-Victory Road.	0,002467	0,005594	0	0,011062	0	0	0
k) Indawo eyakhiwe uFlorida Road, kusuka kuLillian Ngoyi Road kuya eMitchell's Park, kubandakanya nezakhiwo ezisezinhlangothini zombili zikaFlorida Road.		0,007928	0	0	0	0	0
l) IWestville Perth West, ekakwe uGlencairn Close ngasentshonalanga, uStanley Teale Road ngaseningizimu, uRobert Herrick Avenue ngasenyakatho bese kuthi umngcele ongasempumalanga ube noLinford Place noDrayton Place eWestville.	0,003225		0	0,003225		0	0
m) Glenwood, ekakwe uHelen Joseph Road, King Dinuzulu Road, Berea Road, Turners Avenue, Che Guevara Road, Moore Road, Clark Road noBulwer Road.	0	0,004289	0,005535	0			





Printed by and obtainable from the Government Printer, Bosman Street, Private Bag X85, Pretoria, 0001.  
Contact Centre Tel: 012-748 6200. eMail: [info.egazette@gpw.gov.za](mailto:info.egazette@gpw.gov.za)  
Publications: Tel: (012) 748 6053, 748 6061, 748 6065